
# 1. Amakhaya nesimo sezulu

**Imibuzo ngaphambi kokufunda:**

1. Isiphi isakhiwo osithandayo kulezi?
2. Isiphi ongasithandi? Kungani?




Amakhaya ayakhiwa ahambisane nesimo sezulu. E-Greenland bakha ngeqhwa. Kanti eKenya bakha ngobulongo bezinkomo namacembe. Amakhaya aseTunisia akhiwa ngaphansi komhlabathi.

Ungahlala yini e-Greenland? Zakhiwa kuphi izindlu zase-Tunisia?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 1 2025/07/02 11:57





Buka izindlu zase Vietnam naseKrowai zisesicongweni. UMisi uthanda zona. Uthi uyawasaba amanzi futhi akakwazi ukubhukuda. “Asithembe ukuthi akakusabi ukugeza.” Kuswebeza u-Aphiwe. “Aphiwe!”

UMisi uthanda izindlu zakuphi?
Kungani u-Aphiwe ethi "Asethembe ukuthi akakusabi ukugeza."



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 2 2025/07/02 11:57

# Leli ikhaya lasemanzini



Amakhaya ase-Yurophu ayafana namakhaya ethu la eNingizimu Afrika. Amakhaya ahambelana naso sonke isimo sezulu.

Libizwa ngani ikhaya lasemanzini? Kungani kuthiwa amakhaya ase-Yurophu ayafana nawase-Ningizimu Afrika?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 3 2025/07/02 11:57



Amakhaya akhiwe ngotshani abizwa ngamaqhugwane. Avikela ilanga nemvula.

Avikelani amaqhugwana? Engabe wenzani umama onabile.



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 4 2025/07/02 11:57

# 2. Ayaphela amanzi

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Bangaki abantu abasesithombeni?
2. Uke uwulalele umsakazo? Uvame ukulalela luphi uhlelo?




"Lalelani! Lalelani! Niyacelwa ukuthi nonge amanzi!" kusho umsakazi.

Ubani omemezela ngokongiwa kwamanzi? Yini isomiso?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 5 2025/07/02 11:57






“Amanzi azophela mzukulu,” kusho umkhulu. “Hhayi bo! Sizophuzani, sigeze ngani, sipheke ngani, sichelele ngani uma ephela amanzi?”

Yini ekhathaza umzukulu?

Iziphi izindlela esingazisebenzisa ukuze kongiwe amanzi?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 6 2025/07/02 11:57





“Kuzomele songe amanzi bazukulu. Ubuxhaxhaxha abuphele nya!” kusho ugogo. “Sizosebenzisa indishi noma ibhakede uma siwasebenzisa.” “Mina ngizowonga ngokuthi ngingagezi. Ngikhathele ukugeza ngamanzi abandayo.”

Ugogo uthi azokongiwa kanjani amanzi?
Umzukulu uthi uzowonga kanjani amanzi?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 7 2025/07/02 11:57



Sonke sizimisele ukonga amanzi.
Ugogo yena uwashela endishini.
“Nikhumbule bo ukuthi mina ngithe ngizowonga ngokungagezi, ningangithethisi!”

Wenzani umkhulu nabazukulu esithombeni esingenhla?
Kungani umzukulu ecabanga ukuthi bazomthethisa?



9781779892188_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 8 2025/07/02 11:58